# ABATHELEKISI

## Yini uMthelekisi?

Noma ubani (wakuleli noma wangaphandle) ofisa ukuthelekisa izimpahla zisuka eNingizimu Afrika kumele abhalise njengomthelekisi, kubandakanya ukuthelekisa kokuhanjiswa kwempahla okuqhubekayo i-continuous transmission commodities (CTC).

Namuphi owumthelekisi wangaphandle (isib. umuntu noma umuntu onegunya) ofisa ukuthelekisa izimpahla zisuka eNingizimu Afrika kumele abhalise njengomthelekisi bese eqoka i-ejenti ebhalisiwe eseNingizimu Afrika ngaphambi kokuthi umthelekisi wangaphandle ezobhaliswa ukuba athelekise izimpahla ezisuka eNingizimu Afrika.

Le 'ejenti ebhalisiwe' kumele ithwale umthwalo wokwenziwa inhloko yangaphandle okumayelana nokwenzeka ebhizinisini noMnyango wokuThelisa. Ukuze ubone ukuthi ukuthelekisa kusebenza kanjani, cofa lapha.

Uma umfakisicelo kuyinkampani yangaphandle:

- Kumele aqoke i-ejenti ebhalisiwe ngokusebenzisa ifomu DA 185 D;
- Uma engamelelwe i-ejenti ebhalisiwe eseNingizimu Afrika, isicelo kumele simiswe kuze kube ukuthi inkampani yangaphandle iqoke i-ejenti ebhalisiwe; kanti
- Okuyinkampani egunyaziwe, ikhophi egxiviziwe yamadokhumenti okusungula noma nasiphi isitifiketi esikhishwe ngokwemithetho yezwe lapho onemvume wangaphandle noma umuntu obhalisiwe enokubambisana, ebhalisiwe noma aziwa okuqinisekisa lokho kubanjiswana kumele ithunyelwe ngesikhathi kufakwa isicelo.

Izinkampani zangaphandle ezigunyaza izimpahla eziyiswa emazweni angaphandle zidlula eNingizimu Afrika asikho isidingo sokuthi zibhalise eMnyangweni wokuThelisa.

Asikho isibambiso esifunekayo ngenkathi ubhalisa. Kodwa-ke, uMnyango wokuThelisa unelungelo lokufuna isibambiso ngokwesimo sobungozi somfakisicelo.

I-ejenti ebhalisiwe eqokwe inhloko yangaphandle kumele ithwale umthwalo wokwenziwa inhloko yangaphandle okumayelana nokwenzeka ebhizinisini noMnyango wokuThelisa.

Abathelekisi ababhalisiwe kumele babhalise njengomsebenzisi we-EDI uma ezozithumelela yena i-CCD yakhe eMnyangweni wokuThelisa. Uma esebenzisa i-ejenti egunyazayo yoMnyango wokuThelisa enemvume noma i-Ejenti eBhalisiwe, umuntu ongenisa impahla ezweni noma umthelekisi akadingi ukubhalisa njengomsebenzisi we-EDI.

## Ithini inqubo yokubhalisa njengomthelekisi?

Lowo ofuna ukuba umthelekisi kumele agcwalise amafomu A185 kanye DA185.4A2 Application for registering as an Exporter - bese eliyisa emaHhovisi oMnyango wokuThelisa ofanele lapho ikhasimende lizonikwa khona ikhodi yoMnyango wokuThelisa neNtelo.

Ngenkathi umthelekisi esalinde ukugunyazwa eHhovisi loMnyango wokuThelisa, angafaka ikhophi yefomu lesicelo ekudaluleni kokuThelekisa eMnyangweni wokuThelisa. Cofa lapha ukuze udawunilode ifomu lokufaka isicelo. Zimbili izinhlobo zabathelekisi: umthelekisi wakuleli (wasekhaya) kanye nomthelekisi wangaphandle.

Amadokhumenti okumele ahambe nefomu lesicelo:

- Ubufakazi bekheli okungaba i-akhawunti kamasipala yamanzi nogesi;
- Ikhophi egxiviziwe yomazisi wakho.

Okuvela kuNobhala weziNkampani kumele kube okunye kwalokhu okulandelayo:

- ukubhaliswa kwe-Close Corporation;
- Ukubhaliswa kwenkampani.

Amakhophi agxiviziwe alamadokhumenti alandelayo:

- Izincwadi ze-VAT, IT, PAYE, SDL, UIF ezivela kwa-SARS zokuqinisekisa imininingwane yokubhalisa;
- Isivumelwano/imvume noma omunye onegunya okusebenzayo.

- I-akhawunti yakwa-Telkom kanye/noma yeselula engekho ngaphezu kwezinyanga ezi-3 ukuqinisekisa imininingwane yokuxhumana;

Okukodwa kwalokhu okulandelayo ukuze kuqinisekiswe imininingwane yasebhange:

- Isheke elikhanseliwe;
- Isitatimende sasebhange esigxiviziwe noma esiwungqo esiqinisekisa igama lomnini akhawunti. Inombolo ye-akhawunti kanye nekhodi yegatsha;
- Incwadi evela ebhange enophawu lwasebhange; noma
- Isitatimende sasebhange esiphuma emshinini.

Veza ukuthi umfakisicelo kumele abe ngaphezulu kweminyaka engama-21 yobudala futhi abe nekheli lase-RSA ngokugcwele.

## Ubhalisa kanjani njengoMthelekisi wakuLeli/waseKhaya

- Gcwalisa ifomu lokufaka isicelo elidingekayo kanye nesithasiselo/zithasiselo ezifanele.
- Thumela wonke amadokhumenti eseka isicelo njengoba kushiwo kumafomu okufaka izicelo.

## Imaphi amafomu okumele agcwaliswe uma ubhalisa njengoMthelekisi wakuleli?

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
- DA 185.4A2 - Registration Client Type 4A2 - Exporter
- DA 46A1.02 Exporter’s application for registration for the purposes of the AGOA
- DA 46A2.01 Exporter's Application for Registration for the purposes of the GSP
- DA 49A.02 - Application for approved exporter status

## Amafomu okumele uwagcwalise ukuze ufake isicelo sokubhalisa njengoMthelekisi ngaphansi kwe-Preferential Trade Agreements:

### SADC/TDCA/SACU-EFTA

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
- DA 185.4A2 - Registration Client Type 4A2 - Exporter
- DA 185.4A7 - Registration Client Type 4A7 - Producer

### AGOA

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
- DA 185.4A2 - Registration Client Type 4A2 - Exporter
- DA 46A1.02 Exporter’s application for registration for the purposes of the AGOA
- DA 185.4A4 - Registration Client Type 4A4 - Manufacturer

### GSP

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
- DA 185.4A2 - Registration Client Type 4A2 - Exporter
- DA 46A2.01 Exporter's Application for Registration for the purposes of the GSP

## Kukhona amafomu okudingekayo ukuze ube uMthelekisi ogunyaziwe ku-TDCA & SACU-EFTA:

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients

- DA 185.4A2 - Registration Client Type 4A2 - Exporter
- DA 49A.02 - Application for approved exporter status

## Siwathumela kuphi amafomu?

Amafomu ezicelo kumele athunyelwe ehhovisi eliseduze loMnyango wokuThelisa neNtelo.

## Ubhalisa kanjani njengoMthelekisi wamaZwe angaphandle

- Gcwalisa ifomu lokufaka isicelo elidingekayo kanye nesithasiselo/zithasiselo ezibekwe uMthetho woMnyango wokuThelisa neNtelo yempahla.
- Thumela wonke amadokhumenti aqinisekiswe njengoba kushiwo kumafomu okufaka izicelo afanele.
- Khetha i-ejenti ebhalisiwe ngokuthi ugcwalise bese uthumela ifomu elifanele eMnyangweni wokuThelisa.

## Imaphi amafomu okumele agcwaliswe uma ubhalisa uMthelekisi wamaZwe angaphandle?

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
- DA 185.4A2 - Registration Client Type 4A2 - Exporter
- DA 185D - Nomination of Agent

## Atholakalaphi amafomu okubhalisa umthelekisi?

Amafomu okufaka isicelo ayatholakala kulesi sizindalwazi noma ehhovisi loMnyango wokuThelisa.

## Uwathumela kuphi amafomu?

Amafomu ezicelo kumele athunyelwe ehhovisi eliseduze loMnyango wokuThelisa.